Ikhwelo Lokufaka Iziphakamiso: Febhuwari 2024

Mayelana ne-EJF

ISikhwama Sezobulungiswa Bezemvelo (EJF) yinhlangano eqhutshwa izishoshovu esebenzela ukuqinisa umbutho wezobulungiswa bezemvelo eNingizimu Afrika ngokuhlinzeka ngezimali, ukuqinisa amakhono nangokweseka ngokuxhumanisa izinhlangano ezizinze emphakathini kanye nemifelandawonye.

Ixhaba bani i-EJF?

Ukuze nifanelekele ukusekelwa yi-EJF, kufanele nibe:

1. Yinhlangano noma umfelandawonye (hhayi umuntu ozimele yedwa) ozinze, futhi oyingxenye yomphakathi ewusebenzelayo;
2. Nisebenzela ubulungiswa bezemvelo;
3. SeNingizimu Afrika.

Ngokuphathelene nemfuneko yokuqala eshiwo ngenhla, sicela uphawule ukuthi i-EJF ayizicubunguli izicelo zama-NGO asezinzile. Lokhu kungenxa yokuthi i-EJF yasungulelwa ukubhekana nenkinga yokuthi uxhaso oluningi luvame ukuya kuma-NGO asezinzile, kuyilapho izinhlangano ezizinze emphakathini (ama-CBO) ziluthola kanzima uxhaso. Yingakho sigxila *kuphela* kuma-CBO. Maningi ama-NGO enza umsebenzi obalulekile wezobulungiswa bezemvelo eNingizimu Afrika, kodwa awafaneleki ukuthola uxhaso lwe-EJF ngoba zikhona ezinye izindawo zoxhaso lawo ma-NGO angasizakala khona. Futhi asizivubunguli iziphakamiso ezivela ezinkampanini ezizimele nezinye izinhlangano ezenza inzuzo, noma ezikhungweni zikahulumeni (njengomasipala).

I-EJF yeseka ama-CBO asezinzile nasemasha. Awudingi ukubhaliswa ngokusemthethweni ukuze ufaneleke ukuthola uxhaso lwethu.

Yesekani i-EJF

Seseka imisebenzi yokulwela ubulungiswa bezemvelo. Ibanzi yona indlela ezikuchaza ngayo lokho okushiwo ubulungiswa bezemvelo, kodwa isiphakamiso sakho sidinga ukuba sibonise ukuxhumana okukhona phakathi kwemisebenzi ohlongoza ukuyenza kanye nobulungiswa bezemvelo. Isibonelo, isiphakamiso sokuphisana ngamaphasela okudla ukuze kuqinisekiswe ukuvikeleka kokudla singase singafaneleki, kodwa singafaneleka isiphakamiso sokusungula izivande zokutshala ukudla emphakathini kanye nokuqeqesha amalungu omphakathi ngezimiso zokulima ngezindlela ezingabandakanyi amakhemikhali nangokulima ngendlela ongokwemvelo. Into ebalulekile ukuchaza ukuxhumana phakathi kwephrojekthi/umkhankaso wakho kanye nobulungiswa bezemvelo.

I-EJF ingase yeseke imisebenzi ethinta izinto ezifana nalezi: Ubulungiswa ezindabeni zesimo sezulu kanye noKuyekwa Kwamalahle; Ukungcoliswa komoya; Izimayini; Ukuhlala kunokudla; Amanzi; Imfucuza; I-*Ecofeminism*; I-*Eco socialism*; Amalungelo omhlaba; Ukugqugquzelwa kolwazi lwendabuko; Ezinye izindlela zokuziphilisa ezizinzile; Ukuvikelwa kwemvelo; Ukutholakala kolwazi lwezemvelo; kanye noKubamba iqhaza

komphakathi ekuthathweni kwezinqumo mayelana nemithombo yemvelo. Lolu hlu aluhlanganisi konke, futhi siyozicubungula nezicelo ezingekho kulezi zici uma zisawela kobulungiswa bezemvelo.

Imisebenzi i-EJF engase iyeseke ibandakanya:

- Isenzeko esithile (njengombhikisho, umhlangano noma umbuthano wokucobelelana ngolwazi);
- Ukuhlela, imikhankaso kanye nemisebenzi yobushoshovu;
- Ucwaningo oluholwa umphakathi;
- Ukufaka izimangalo ezifakwa yizinhlangano zomphakathi;
- Izinhlelo zokufundisa umphakathi ngemvelo; kanye
- Nemizamo yokuqinisa inhlangano.

Indlela olusebenza ngayo uxhaso lwe-EJF

Sixhasa ngemali engu-R50 000 – R100 000 ngonyaka owodwa. Ngaphezu kwalolo xhaso lwezimali, siphinde sisize ngokuqinisa amakhono nangokuxhumanisa izinhlangano. Uma isicelo sakho siphumelele, sizoxoxa nawe kabanzi ngalokhu.

Indlela yokufaka isicelo

Kunezindlela ezimbili ongafaka ngazo isicelo:

1. Gcwalisa isicelo kuwebhasayithi yethu ethi https://ejfundsa.org.za/apply-for-support/.
2. Dawuniloda ifomu elitholakala ku-https://ejfundsa.org.za/apply-for-support/ bese uthumela ifomu eligcwalisiwe nge-imeyili ku-proposals@ejfundsa.org.za. Uma lokho kungenakwenzeka, ungathumela nge-WhatsApp izithombe zefomu eligcwalisiwe ku-0782910014, nakuba sikukhuthaza ukuba uthumele ifomu nge-imeyili uma kungenzeka.

Wamukelekile ukufaka isicelo nganoma yiluphi ulimi olusemthethweni eNingizimu Afrika.

Umnqamulajuqu wokufaka izicelo umhla ka-**01 Mashi 2024.** Sicela wazi ukuthi ngeke zicutshungulwe izicelo ezifika ngemva kwalo mnqamulajuqu.

Ubani othatha isinqumo mayelana nesicelo sakho?

IKomidi Loxhayo Lwe-EJF lifunda zonke iziphakamiso bese linquma ukuthi ubani ozoxhaswa. IKomidi Loxhaso lakhiwe izishoshovu ezinolwazi emkhakheni wezobulungiswa bezemvelo. Ungafunda okwengeziwe ngazo lapha https://ejfundsa.org.za/the-team/.

Esikubhekayo esiphakamisweni

- Ukuthi imisebenzi ehlongozwayo yenhlangano yakho izobuthuthukisa kanjani ubulungisa bezemvelo futhi izuzise umphakathi eyingxenye yawo noma ewusebenzelayo.
- Ukuthi isiphakamiso sicatshangelwe kahle kangakanani – isiphakamiso sakho singaphumelela uma imisebenzi oyihlongozayo ichazwe ngokucacile (kunokuba ifakwe ohlwini olungachazi) futhi uma kunokuxhumana okucacile phakathi kwemisebenzi ofuna ukuyenza kanye nezinjongo ozifunayo.
- Sifuna nokubona ukuthi usicabangisisile yini isabelomali – isiphakamiso sakho singase siphumelele uma lokho okusesabelwenimali kuhlotshaniswa ngokunengqondo nemisebenzi ohlongoza ukuyenza, futhi uma uhlolisise kahle ukuthi izinto zibiza kanjani.
- Izinga lokuhleleka nokwenziwa kwezinto enhlanganweni yakho – ihlelwe kanjani inhlangano yakho, zithathwa kanjani izinqumo, futhi nibika kanjani emphakathini?

- I-EJF iyinhlangano elwela amalungelo abantu besifazane. Lokhu kusho ukuthi sikhetha kakhulu ukweseka izinhlangano eziholwa abesifazane, kanye/noma izinhlangano ezinezinhlelo ezibonisa ukwazisa izindlela eziyingqayizivele abesifazane abathintwa ngazo ukungabi nabulungiswa kwezemvelo futhi ezifuna ukuzuza abesifazane ngemisebenzi nezinhlelo zayo. Senza okufanayo ngokuphathelene nentsha.
- Sinentshisekelo nasekutheni uke wabambisana yini nezinye izinhlangano esikhathini esidlule (futhi uma kunjalo, ukuthi ozakwethu bathini ngawe) kanye nokuthi uhlela ukubambisana nabo yini kuphrojekthi/umcimbi/umkhankaso owuhlongozayo.

Siphinde futhi sibheke nezinye izinto ezimbalwa ezihlobene neziphakamiso esizitholayo njengeqembu. Nazi lezo zinto:

- I-EJF ifuna ukweseka inhlanganisela yezinhlangano esezizinzile kanye nezintsha. Lokhu kungenxa yokuthi sikholelwa ukuthi ukwakha umbutho wobulungiswa bezemvelo kubandakanya ukuqinisa lokho osekuvele kukhona, nokweseka izinhlangano ezintsha ukuze zingene kulo mkhakha wobushoshovu.
- I-EJF ingathanda ukweseka izinhlangano ezisebenza ezindabeni ezihlukahlukene zobulungiswa bezemvelo, kunokugxila entweni eyodwa nje, isib. izimayini.
- Lapho iKomidi Loxhaso licubungula zonke iziphakamiso, liphinde libheke ukuthi babukeka kanjani abahlomuli boxhaso lwe-EJF bebonke. Lokhu kungenxa yokuthi sizibophezele ekuqinisekiseni ukuthi sizama ukweseka ukusabalala kwezinhlangano ezweni lonke, kuhlanganisa nezindawo ezikude ezivame ukunganakwa. Kwesinye isikhathi singaqondiswa ukuthi izinkinga zemvelo zimbi kakhulu ezingxenyeni ezithile zezwe, kodwa sizama kanzima ukuqikelela ukuthi abahlomuli bethu bavela ezindaweni ezihlukahlukene eNingizimu Afrika. Lokhu kungase kusho ukuthi kufanele senqabe isiphakamiso esihle uma kuneziphakamiso eziningi ezinhle ezivela esifundazweni esisodwa ukuze sinikeze ithuba inhlangano evela kwesinye isifundazwe, ukuze siqinisekise zonke izifundazwe zimelelwe.
- Ngeke sakwazi ukuxhasa zonke izinhlangano. Lokhu kungenxa yokuthi imali esiyitholayo ngeke yanele. Kuphinde futhi kube nawukuthi sikholelwa nasekusizeni nangezinye izindlela ngaphezu koxhaso lwezimali, ngakho uma sizibophezela ekwesekeni inhlangano, sifuna ukuqinisekisa ukuthi singakwazi ukufeza lokho kuzibophezela ngendlela efanele.

Lapho ungathola khona ulwazi olwengeziwe

Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa, sicela ufunde uHlaka Lokuxhasa olutholakala ku-https://ejfundsa.org.za/apply-for-support/. Inqubo yokufaka isicelo iphinde yafinyezwa eshadini elitholakala (ngezilimi eziningi) ku-https://ejfundsa.org.za/apply-for-support/.

I-EJF izoba nomhlangano wokucobelelana ngolwazi walabo abafuna ukufaka izicelo ngomhla ka-**15 Febhuwari 2024 ngo-16h00**. Uma ufuna ukuwuthamela, sicela usebenzise lesi sixhumanisi esilandelayo: **https://zoom.us/j/95800923574** Meeting ID: 958 0092 3574

Uma usesenemibuzo noma udinga noma yiluphi usizo, sicela usithinte ku-info@ejfundsa.org.za noma ku-078 291 0014.